Ngezansi izaga nezincazelo zazo.

| Isaga | Incazelo |
|---|---|
| Imbila yeswela umsila ngokulayezela | ~Ungaze wathemba abanye ukuthi bakwenzele imisebenzi eqondene lawe. |
| Abantu abayi ngandawonye bengemanzi | ~Abantu abavumelani bonke ngento eyodwa. |
| Akukho ndlovu yasindwa umboko wayo | ~Akekho umuntu ohlulwa umthwalo wakhe. |
| Akukho thusi lathetha lilodwa | ~Akekho umuntu onganengwa engaqalwanga. |
| Akukho zinyane lemboma ladliwa yingwenya kwacweba isiziba | ~Uma uzwise omunye umuntu ubuhlungu noma umbulale, ngeke ukuthole ukuphumula abakubo nabangani bakhe bazomphindiselela. |
| Akuqhude lasindwa umzwezwe | ~Akekho umuntu ohlulwa umthwalo wakhe. |
| Akuvelwa kanyekanye kungemadlebe embongolo | ~Abantu abaphumeleli kanyekanye. |
| Amathanga ahlanzela abangenamabhodwe | ~Izinto ezinhle ziya kwabangazidingi noma kwabangakwazi ukuzisebenzisa ngendlela okuyiyo. |
| Ayikho inkomo yobuthongo | ~Impumelelo iyasetshenzelwa. |
| Bahlangene phezulu kanti phansi bangamahele | ~Benza sengathi bayezwana futhi akukho okungangena phakathi kwabo kanti bahubhuza amanga. |
| Enethunga kayisengeli phansi | ~Umnini wento akahlupheki ikhona. |
| Engakhali ifela embelekweni | ~Uma ungazibiki, ukhulume ngenkinga yakho ngeke ubonakale futhi ngeke uzwakale. |
| Ibhizela labulala indlovu | ~Umuntu uyalinyazwa nayinto yena athi ayilutho. |
| Ikhiwane elihle ligcwala izibungu | ~Into enhle ngaphandle ijwayele ukuba nobubi ngaphakathi. |
| Ilelo nalelo nkankane aliyodla umsundu wangakubo | ~Ilowo nalowo muntu kumele ayozizamela ngakubo. |
| Imiphanda ibulawa izakhelani | ~Abantu abakhelene noma abangabangani abajwayele ukulimaza abantu. |
| Impi isesendeni | ~Kuxabele abantu abazalanayo, bandoda nye. |
| Induku enhle igawulwa ezizweni | ~Intombi noma umakoti omuhle umthola kude noma ekuhambeni. |
| Ingwe idla ngamabala | ~Umuntu uzenza yena ukuthi athandeke ngezenzo nangemisebenzi yakhe. |
| Inja yawaqeda ngolimi | ~Kancane kancane koze kulunge. |
| Inkomo ingazala umuntu | ~Ngeke kwenzeke lokho. |

| | |
|---|---|
| Inkonjane iwele enkundleni | ~Umuntu oliqili ubhajwe ebuqilini bakhe. |
| Inkonjane yakhela ngodaka | ~Umuntu owenza okuhle kumele abekezele ngisho kunzima angalilahli ithemba. |
| Intendele ibindwe isidwa | ~Ukuhlakanipha kuphelele ezeni. |
| Intendele iwel'enkundleni | ~Inhlanhla izizele. |
| Into yomuntu umhluzi wempisi | ~Ungabothembela entweni yomuntu noma yokwebolekwa. |
| Inxeba lendoda alihlekwa | ~Ungabomhleka umuntu uma esenkingeni noma evelelwa okubi ngoba kusasa kungawe. |
| Iqaqa alizizwa ukunuka | ~Umuntu akasiboni isici noma ububi bakhe. |
| Isalakutshelwa sibona ngomopho | ~Umuntu ongalaleli iziyalo, noma ekhuzwa ubona ngomphumela omubi noma oyingozi. |
| Isilo siyawafinyeza amazipho | ~Umuntu onamandla noma ohlakaniphile ngeke umthole ehamba ezikhukhumeza ngalawomandla nenhlakanipho yakhe. |
| Kazi iyozala nkomoni | ~Kazi kuyokwenzakalani noma umphumela uyoba njani. |
| Kubambene ingwe nengonyama | ~Kuxabene noma kubhekene abantu abanamandla alinganayo. |
| Lapho kukhona isidumbu ilapho kukhona amanqe | ~Uma umuntu esenkingeni ilapho abantu abasizakala khona ngaye. |
| Libheke uligcine | ~Osongela omunye ngokumbulala. |
| Lixhoshwa libhekile | ~Iphutha lenzeka noma uqaphele. |
| Nalapho kungekho qhude kuyasa | ~akusho ukuthi lowo ozigqajayo uma eke wahamba kokwenziwayo kuyokuma izinto, kuyohamba kahle ngisho engasekho. |
| Siyoze sihlangane okhalweni lwezimpungushe | ~Usongo, siyoze sitholane la esiyodelisana khona, ngokulwa imvamisa. |
| Sobohla Manyosi | ~Uyophela umbuso. |
| Ukhamba lufuze imbiza | ~Ingane ifuze umzali wayo. |
| Umenzi uyakhohlwa kodwa umenziwa akakhohlwa | ~Umuntu osuke enze okubi komunye uyashesha ukukhohlwa kodwa lo osuke enziwe okubi akakhohlwa neze. |
| Umkhumiso usulingene izintondolo | ~Okusele sekulingene abanikazi bakho. |
| Umthente uhlaba usamila | ~Isimilo noma ithalente lomuntu livela esesemncane. |
| Ungakhulumi ngobhejane kungekho sihlahla eduze | ~Ungazifaki enkingeni kungenasidingo nasisombululo. |

| | |
|---|---|
| Ungayishayi ingede ngoju | ~Uma wenzelwe okuhle kumele ubonge. |
| Usifumbu ubona uqhaqhazela | ~Ubona isici somunye kodwa nawe ube unesakho. |
| Yinkukhu nempaka | ~Ubutha obukhulu lapho abantu bezondelana ukubulalana. |
| Yimpi yakwamabon'abulawe | ~Umuntu oyingozi owesatshwa njengenyoka. |